



NgoMsombuluko, 13 October – Ithemba liqala ngoNkulunkulu

Isifundo: Jeremiya 29:11 – “Ngokuba ngiyazi mina imicabango engiyicabanga ngani, usho uJehova, imicabango yokuthula kungengeyobubi ukuba ngininike isikhathi esizayo nethemba.”

Umzindlo: UNkulunkulu ungumthombo wakho konke ukuthemba. Bonke ubuthunywa-zwi buqala ngokuthemba ekutheni uthando lukaNkulunkulu lusiholela phambili.

Umkhuleko: Nkosi, sisize ukuba sithembele ezinhlelweni zakho ezinothando. Sengathi singaletha ithemba kwabanye, sazi ukuthi uhamba nathi njalo. Amen.



NgolwesiBili, 14 October – Ukubizwa ukuba sibe ngukukhanya

Isifundo: Matewu 5:14 – “Nina ningukukhanya kwezwe.”

Umzindlo: NjengobaABELANA ekuthunyweni kukaKristo ngombhabhadiso, siyabizwa ukuba sibe ngukukhanya lapho kukhona ubumnyama – sikwenze lokhu ngobumnene, ngeqiniso nangothando. Siyabizwa ukuba sikhanye.

Umkhuleko: Jesu, sisize ukuba sibe ngukukhanya komhlaba. Yenza ukuba amazwi nezenzo zethu zikhombise uthando lwakho kubo bonke abantu. Amen.



NgolwesiThathu, 15 October – Umyalezo wethu sonke

Isifundo: Markus 16:15 – “Hambani niye ezweni lonke, nishumayele izindaba ezimnandi.”

Umzindlo: Izindaba ezimnandi ezawo wonke umuntu. Ukwabelana ngevangeliki kusho ukunika ithemba kuzo zonke izizwe nakuzo zonke izimo.

Umkhuleko: Nkulunkulu, sinike ithemba ukuze sabelane ngomyalezo Wakho. Sengathi singakhuluma ngothando siphile ngokujabula, ukuze bonke bakwazi. Amen



NgolwesiSine, 16 October – IThemba ngeZenzo

Isifundo: 1 John 3:18 – “masingathandi ngezwi nangolimi, kodwa ngezenzo nangeqiniso.”

Umzindlo: Ukuba wothunywe izwi wethemba kusho ukwenza okuthile – ukusuthisa abalambile, ukududuza ababodwana, nokwakha uxolo.

Umkhuleko: Nkosi, sisize sikhombise uthando lwakho ngezindlela zeqiniso. Sisebenzise izandla kanye nezinhliziyi ukuletha ithemba kulabo abalidinga kakhulu. Amen.



NgolwesiHlanu, 17 October – Umndenimunye kuKristo

Isifundo: KwabaseGalatiya 3:28 – “Nimunye kuJesu Kristo.”

Umzindlo: Ekuthunyweni, siyabona ukuthi iBandla lingumndenimunye womhlaba wonke. Sihlukile, kepha simunye okholweni nasothandweni.

Umkhuleko: Jesu, sisize sithande bonke abantu njengebafowethu nodadewethu. Sengathi singasebenzela ubulungiswa, ukuthula, kanye nobunye egameni lakho. Amen.



NgoMgqibelo, 18 October – Ithemba liyathelelana

Isifundo: KwabaseRoma 15:13 – “UNkulunkulu wethemba makanigcwalise ngenjabulo yonke nangokuthula...”

Umzindlo: Uma ngabe siphila ngethemba, liyasabalala. Ukuthula kanye nokujabula kwethu kungakhuthaza nabanye ukuthi bathembe kuNkulunkulu.

Umkhuleko: Moya oCwebileyo, sigcwalise ithemba elichichimayo. Yenza ukuba izimpilo zethu zibe yisibusiso kulabo esiphila nabo. Amen.



NgeSonto, 19 October – NgeSonto loMhlaba lokuThunywa iZwi

Isifundo: Luka 18:1–8 – Sifinqiwe

UJesu waxoxa indaba efuna ukukhombisa isidingo sokuthi sikhuleke njalo singalahli ithemba. Umfelokazi wayecela ubulungiswa kumahluleli. Waqala wanqaba, kodwa ngoba wayengayeki ukucela, wagcina emsizile.

UJesu uthi, “noma ngabe umahluleli ongenabulungiswa elalela, uNkulunkulu uyobasiza kangakanani labo abakhala kuye?”

Umzindlo: Namhlanje siyakhunjuzwa ukuthi sinesabelo.

Umkhuleko: Nkulunkulu wazo zonke izizwe, siqinise njengoba sifakaza ngothando lwakho emhlabeni. Sisize siphile ngokupha nangothando, ukuze bonke bezokwazi uthando lwakho. Amen.



Umkhuleko wokuThunywa Izwi

Nkulunkulu wazo zonke izizwe, uyasibiza ukuba sibe abathunywa bezwi bethemba phakathi kwabantu bakho bonke.

Gcwalisa izinhliziyo zethu ngenjabulo yeVangeli, siphe Amandla okuba sizame ukwabelana ngothando lwakho kulabo esihlangana nabo.

Sengathi singalalela ngozwelo, sikhulume ngesibindi sikhonze ngokuzithoba, sibe ngofakazi bakaKristo ngezwi kanye nangezenzo.

Busisa imizamo yethu yokuletha ukukhanya ezindaweni ezinobumnyama nokuthula lapho kunezingxabano.

Sihlanganise emsebenzini wakho, O Nkosi, ukuze bonke bazi isihawu sakho, nokuthi zonke izinhliziyo zithintwe yithemba lakho.

Amen.

Lekelala imisebenzi yokuThunywa iZwi

Njengoba singabafundi bokuthunywa-Izwi singalekelela ngokuthi senze lokhu:

Sithembeke esibopheni sombhabhadiso ekuphileni kwethu kwansukuzonke

Sibukhulekele nsukuzonke ubuThunywa-Zwi

Sisize iPherishi yethu *yazi ngobuThunywa-Zwi*

Nikela ukuze kusizakale ubuThunywa-Zwi

Imininingwane yaseBhange

Pontifical Mission Societies Absa Bank

Account Number 4048 6053 13 Ref: Diocese + Cell number.

or by scanning the QR Code below



Iviki loMhlaba lokuThunywa iZwi

Imizindlo yansukuzonke & Nemikhuleko

Oct 13–19, 2025



Isonto loMhlaba lokuThunywa iZwi wusuku olubekelwe amaKhatholika omhlaba wonke ukuba azibophezele ngomkhuleko kanye nangokuzinikela emisebenzini yokuThunywa iZwi yeBandla.

